30/9/42 Episodes in the history of Chunu tribe K13/21 Vilakazi, F. 1/24
1b and some customs. K13/21
585 (41)

Igwala neqhawe.

1 Igwala:- Ngomuda6u wesintu igwala kalifunwa muntu. Nakwa Zulu nasemacumvini, namaSwazi igwala awalifuni. Kwakuthi umnunzane ezele igwala, alinge ngawo wonke a masu ukulenza iqhawe. Kwakula ndwa izinyanga zizomunukisa nge zinhliziyo zezilwane ezinolaka. Kwa kuthi khona umntwana ezalwa anukiselwe ngezinyamazane, ezimbi ezinolaka umakuwomfana. Intombazane yayingamkiselwa ngezimhlizi yo zezilwane ezimbi ngo6a ingalwa no myeni wayo njalo. Umfana awaye nukiselwa ngezinhliziyo zezilwane ezimbi, amabubesi, ingwe, insele nezinye, ukuze a6enolaka impela. U6e6onakala esemuncane ukuthi unolaka, noyigwala a6onakale la ukuthi uyigwala.

2 Ingane enolaka ikhala njalo ingathuli, yoze enye inukiselwe kande x ithule. Kothi noma isi wumfanyana ingabeki emuva uma ilwo na6anye a6afana. Noma isili mele ikhale iyakhona. Lena ethi ingeswa indulu i6aleke yigwala. Nase khaya kwakuthokozisa uku6ona umntwana enengozi ngo6a kade elwa na6anye. Na6anye a6afana se6ezomazi sa ukuthi uyalwa umfoka6ani. Kuthiwa, "umthente x uhla6a usamila" Ngo6a lomntwana useyokhulula enodumo ezweni. Igwala li6onakala ngokunga6i nangozi, noku6a nengozi ngemuva yo ku6aleka. Igwala lalinganikwa izihlangu ezinhle, naku6afana uyise waye ngamenzeli isihlangu umntanakhe uma eyigwala. U6emenzela ngo6a e6ona ukuthi uyishinga kwa6anye a6anakala nge a6afana. Na sempini amaqhawe aye6onakala nge zihlangu zawo.

uTshaka inkosi ya maZulu yayiwa6ulala amagwala. Kwa
3 kukhona isihlahla samagwala. Amaqhawe ayesinda. Ne6utho lamagwala lali6ulawa, kuthunyelwe elinye i6utho lili6ulale. Futhi uTshaka waveza indlela yo6uqhawe yokulwa uku6a umkhonto u6emufushane ulungele ukuhla6a umuntu 6ebekeni ungaphonswa. Uku jukujela umkhonto waku6ona kuwu6u gwala uTshaka. Nayeke u Phakade inkosi yamaCunu yakufumanisa kuwu6ugwala ukuphonsa umkhonto. Ama6utho akhe ukuze aphumelele ukuxasha amalala kwelaso Tukela yingo6a wayelwa kanjalo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Akwenza umuntu igwala:- Umntwana: Akavunyelwe ukwenza umuse 6enzi wamantombazane. Ukutheza nokukho amanzi, nokukhotha iphini, nokugeza ibodwe, nokubasobe a6antwana.

uma esekhulile akavunyelwe, ukulala kunina, akufanele ahlale ekhaya uma kusengwa, kufuneka akleze njenga6anye a6afana, akuswelekile eqe umuntu wesi fazane, noma eqhiwe uyena wesifazane.
4 Akuswele induku yakhe 6akhe 6alalokoze ngayo umulilo, noma yeqhiwe umuntu wesifazane. Ukulwa kwa6antu kwakuwuku6a mbana ngamandla, nenduku, nomkhonto.

Induku namandla a6afana 6a6e kufunda okhalweni. Abancane uma 6eluse amathole, a6akhulu ezinkomeni, namukwana kudliwa iphaphu. Nogalo. 6a6eqhathwa izingqwele za6o. Umfana uma eschlulwe omunye wayemuvumela amushaye ekhanda esholamazwi; "Nqonqomfana, wongi golela amadiye emvakwendlu kwenu". Umu shaya kathathu ekhanda ethule lona owe hlulwe, noma kuphuma igazi weyethulanjena. Wayegezwa yi6o a6afana futhi, 6ese 6enameka udaka kuyona. Akunye uku fundisana induku ukucela insalele. Loku kwakuye kuthi umfana ozizwayo athi "ngicela insalele" Uzawuthi umunye, "woza uyithathe" se6ezoshayana, aza amunye "maluju" 6ese6eyekana, aza omunye " Maluju" 6ese6eyekana, muhlambe uthi maluju use6ovu ekhanda.

5 Se6ezogezana isiphila njalo sewa kwazana kwa6o. Ukucela insalela, akukona ukulwa ukudlala, noma kushaywana kakhulu njena sengathi kuyaliwa njena. Umfana onenduku enhle 6a6emu6ukisisa a6anye a6afana.

Izinduku ezaziwayo yilezi:-

1. umnunguma6ele. Inama6ele lenduku. yingako kuthiwa umnunguma6ele. inamaququwana imnyama. Lomuthi utholakala ezinta6eni, nase mahlanzeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inqayi. Induku elukhuni lena, ayephuki iyavaveka njengwo umnungu-maбele. Uyi бona ngokusuka amagxola. Imnyama, enye iбomvu itholakala emahlanzeni, nase zintaбeni.

3 Insimbi. Enye induku elukhuni eyala sekukuбi ngeke inqamuke inqamuke iyavaveka, isuke amagxola ize iбemumhlophe kande iqume nayo ufunaniswa emahlanzeni nasezintaбeni.

Izinduku ezingafumaniswa kwelasezinkanga

6 la ilezi:

1. Ukwephili:- Lenduku itholakala, egumeni lomesisi, aбenzangalo uthango. Yona iya qhuma ijengemvuбu ikopele noma uvikile. Ayisheshi ukwephuka iyavaveka kuphela.

2. Umnqandane:- Enye etholakala kwelase zinkanga emaqumananeni, Ayiqumunayo into ithi noma iqumile ivaveke ize iphele. Imnyama njenge nqayi elimunyama. Zininqi izinduku izinhloбo ngezinhloбo. Amawisa enziwa ngomusimbithwa, nangemunye imithi elikhuni njengensimbi, ka jani neminye. Aбazwa izinyanga zawo amawisa, aweбazwa yuvowonke umuntu. Aбantu бayawathenga ezinyangeni ngezinkukhu. Izinduku lezi zisetshe nziswa emusindweni, noma umuntu ezihambela njena. Umkhonto awempi kuphela. Umaingekho awuphathwa. Icala lenduku alefani nelomkhonto. Umuntu uЛliwa
7 iso бaya inkosi. Amagwalakexx avama ukuzi lamulela ngomkhonto, ngoбa engayazi induku. Uma kuphunywa inqina umkhonto wawusetshenziswa.

Amagwala kukhuthi uma amanye amadoda ekomkhulu asale ekhaya acashe ahlihlwa amakhosikazi awo, nayizintombi zawo. Kwathi uLunyano Dladla ngempi ka Babatha naбamhlophe, waggoka isidwaбa ukuze kuthwe uyinkosikazi. Kuthena ngelinye ilanga kungekhomuntu ekhaya, kwafika izinsizwa zika zondo nxele, zakhuleka kanti kukhona izingane, zase zimuhlakaza xx uLunyano thamele isithangame egoqwaneni. Kwaбa yisimanga zimufumanisa embethe isidwaбa. Kuthena noma ethuka kwaбonakala ukuthi awaseko amasiza.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8 Za6ihela induma induna ya6ikela inkosi, kuthena kuthunye lwa impi ukuyovimbezela akama nge esafumaniswa, wahamba u6u suku wadundundu6ala undi wa6a kanye namazimu. Kufumaswa umuzi wakhe kuphela 6awu6ulala wonke ngisho na6antwana. Kwashiswa nomuzi wakhe wonke.

9 Akwenza a6akwa Dladla amagwagwala yingo6a 6a6e ngenayo inkosi. Kwathi 6ethi 6eya6eka yona inkosi kwafumaniseka 6onke 6elingana Kwase kukhala igwa6a6a 6ayeka uku6eka inkosi. 6e6e ngavamile ukuphuma impi. Ku6onakala ngenyama a6a6eyidla yayosiwa kahle x iphekwe futhi. 6atholwa eMachunwini ngo6a 6ekwazi ukupheka inyama 6ekwazifuthi ukuyosa. Umfana wa la6a ba Dladla wayengaklezi, kwaku ngaziwa usizo lwako.

Amachunu abafundisa ukukleza ukuze 6a6e amaqhawe. Inkosi uMacingwane wa6anika izinkomo zokuklezisa a6afana. Yabafundisa ukudla inyama luhlaza ukuze 6angalambi empini. Kwase kwela amaqhawe nakwa Dladla.

10 6afundiswa neminye imikhu6a okufanele 6ayigcine. Phela 6e6a ngazange 6a6e nenkosi 6ona. Imithetho eminye afundiswa ukuyigcina ilena:-

1. Isihlambezo: Kuyekuthi uma umakoti efuna uku6anengane enhle ku-funwe ingane encane phakathi komuzi lowo kufunwe ingane enhle. Ingeniswe lapho kukhona umakoti kukhiwe amanzi amahle kuthi uma umakoti efuna ukuphuza kuqale kulunguze leyo ngane.

2. Ihlambo: Ihlambo lenziwa umakade kufiwe. amadoda aphumo inqina

3. Amanga: a6antu 6akwa Dladla 6a6efundile ukukhuluma amanga nokukhohlisa.

4. Igodi lofilwyo: Awakwa Dladla waye n'ambelwa igodi wayethukuswa emahlathini ezindaweni ezenile .

5. ukudla iphaphu: 6afundiswa nokudla iphaphu a6afana, noku ngweka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

11 Ziningi izinto a6azifunda kuma mcunu la6a 6akwa Dladla. Namhla-njena na6o se6eyisilomo kwelase Machunwini. Sekukhona nenduna ya6o uNgcanyile Dladla kwesakwa Dumakude isifunda. Kodwa ukuntshontsha 6ase njalo a6ayishiyi izimbuzi ngaphe Zulu eSimumu.

Amaqhawe: Kwakungamadoda, akhula ngemithetho yo6ufana, aze athola udumo naku6antu, nasezinduneni nakuyona inkosi. Ukuce6a inkosi yayo kuthola ngawo amaqhawe, ngokuphuma impi a6uyenezinkomonjengo kusho kwenkosi. Inkosi yayithola udumo, nokwesatshwa ngenda6a yamaqhawe. Nomnumzane uma ezele amaqhawe wayethola udumo, nokuhlonishwa. Inkosi kwakuthi uma i6ona isinqo6e izizwe eziningi 6ese izenza zikhuleke njalo kumkhulu ngokwethu izinto
12 ezinjengezinkomo. Nokuvela njalo emehlweni ayo inkosi. Ngokunyamala kwakusho impi. Izinkomo eziphu kwamanye amakhosi kwaku6a ezenkosi. Kwakuye kuthi uma mhlambe kukhona indlala ezweni inkosi isizo nqumela amaqhawe ayo na6anumzano a6aziwayo nga6o u6uqhawe no6ugagu ekukhulumeni uma ku6uthene umkhandlu. Amaqhawe ayekhonza komkhulu exoxa nenkosi izinda6a ezithize. Kwakuthi amanye ama qhawe ahlale njalo emuzini wenkosi ukugada, izitha. Kuthi uma esefuna ukushada inkosi i6amke izinkomo zokulo6ola. Yiwona futhi amaqhawe ayelima amasimu enkosi. Igwala lalingayi komkhulu, lalicwasha njalo. Lamadoda ayelusa izinkomo zenkosi yiwona amaqhawe. Kwakuthi uma kunele inda6a
13 ikhulunywe amadoda ayengamaqhawe, ase6uthwa komkhulu, uku6a yiwona azolungisa izinda6a zezwe, izinda6a zazingakhulunywa yi6o6onke a6antu. Zazikhulunywa yilawo madoda. Amaqhawe ayekhonza ngezinkomo enkosini azithole ngo6uqhawe 6awo, empini.

Inkosi: Inkosi ayizange i6eli gwala ngo6a yayinama6utho ayo. Nayofuthi yayikhombisa u6uqhawe ngokulwa na6anye a6afana. Njengo Tshaka owalwa na6afana wa6axosha eselusa amathole kwa Mthethwa. Inkosi yayihlonishwa ngisho isencane yayi nama6utho ayo ontanga 6ayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkosi yayi nothishwa amacala a6antu, inothishwa nayizinkomo ezithunjwe kwaman e amakhosi ehluliwe. Kuthi namaqhawe aphuma kwa-
14 manye amakhosi nimfuyo kanye na6antu. Phela iqhawe lali6aleka nezizwe sa6antu siyakhonza nga6o enk sini njengo Mnemi Dumakude owa khonza nga6antu a6aningi kwa 6ase Machunwini. Wa6aleka kwa Zulu eyisilomo. Njengo Mzilikazi owakwela undi wa6aleka na6aningi a6antu 6enkosi wayokwakha e Transvaal. Waqhamba isizwe x samande-6ele. Igwala leliphuma lodwa liphenduke izimu ngo6aseli6ulawa indla la. Iqhawe lali6aleka nezinkomo na6antu lize likhonze nga6o kwenye inkosi.

Iqhawe umazwane Binda: Kwathi emncane kwafika impi yakwazulu ya6ulala wonke umzi waku6o. Yena wayesekwakuseni, elusa amathole na6anye a6afana. Inkosi uSabusa ng kwazisa uyise, waye semunika inkomo yokukleza ethi uTwala kuhle amugcine kahle.

15 A usengele aze akhule. Kwathi uMazwana ngokwehlula a6afana 6aka Twala ngakuhlakanipha nangokulwa, akamuthanda uTwala kuka ningi efuna ukumu6ulala a6uye azikhuze ngo6a esa6a inkosi. Kwathi ngelinye ilanga wamu6u kelela na6afana 6akhe 6emhlanganyela kodwa wa6ehlula uMagwane. Kwathi inkosi imu6uza ukuthi ukhula kanjani, uTwala, wamu6uka u6u6i, nokuqhamba amanga. Inkosi yathi uzakuthelela a6antu amanga kuhle a6ulawe. Amanga ayengavu-nywa nakancane, kufana njengesela lali6ulawa, nomthakathi waye6ulawa kwa Zulu naseSwazini. Kwathi umalume wakhe wamhle6ela uku6a maka6aleke uzo6ulawa. Wa6aleka uMagwane.
16 uMazwana akakhongonga kwa Zulu ngo6a yi6ona a6a6ulala . Umuzi waku6o. Wendlula waye wawela uthukela, wakhonza emachunwini. Kuthena uma inkosi u hakade ezwa ukuthi uyise mkhulu uNdlamhlathi wathi kuhle aphathwe kahle ngo6a emazi uNdlamhlathi kwakuyiqhawe elikhulu. u azele 6asalwa izimpi zika Tshaka namaswazi. Amachumu ayesakhonze kwazulu ngaleyonkathi. Ne6ala usephathwa kahle uMazwane. Kuthena uku6a kuzwakale kusobuza ukuthi umfana uTwala wayengamuthandi, ngo6a ehlula a6akhe a6afana inkosi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yathukuthela ukweqa kuka Twala u ugonayo wawela umzinyathi wakha enewcastle. Usophindela emnva uMazwane elandwe uDlula Mkosi inceku yenkosi uSobusa. Se6emucela ku Phakade, ne6ala wamudedela
17 wakuyela kwe lakubo uMazwane. uPhakade usemuhambisa no Phuthuma Dladla ukubi ka u6uhle no6oqhawe 6uka Mazwane Kwathi ngempi yamachunu, nama Thembu ku6usa uNgoza wahla6ana ngamadoda amahlanu ewephansi afe. Wayesethola izi6ongo:

Ithunga liga6a lingazele, Iqalashe lathi ukuphunyuka lakwela inta6a amanye amaqhalashe asala eli6ele, Duduza uNdlanhlathi silo esimnyana Inkosi yaja6ula ukumu6ona uMazwane yase inqumela ici6i lezinkomo uku6a avuse umuzi ka Binda. Ne6ala wayesewovusa umuzi kayise uMazwane.

Amaqhawe nempi: uMa inkosi ifuna ukuhlasela i6ikela inceku ukuthi kuhle ama6utho a6uthane ngelanga elithile. Ne6ala inceku isizothumela ezinduneni lowo m6ikho wenkosi.

18 Seku6uthwana kulendawo ekhojwe inkosi. Kuzakuthi amaqhawe wonke uva fune inkosi ukuthi akhona yini. Kuzathi uma inkosi isi6ikile ukuthi akuhlaselwe ekuthini, isho nama6utho okuyiwona azophuma impi. Kuzakuthi impi ihambe namaqhawe (izinduna). Phela induna u6uduna i6uthola ngo6uqhawe 6ayo. Kuthi uma iphuma impi seyicelwa incjanga yempi kizakuthi uma isiphuma impela izwakale induna enkulu yempi isikhuluma x namaqhawe, iwahlela kuthi amagwala awiwe ngaphambile kuze amaqhawe, ngemmva. Seku6akhona na6afana a6aphathela izinzizwa amacansi. Seyizogcina imbongi yempi. Imbongi umuntu ayigagu ekhu6ongeni amakhosi awaziyo futhi kahle amakhosi no yiqhawe futhi umasezi6a-
19 mbene ngo6a phela kuqhala kuhlangane zona izinbongi 6ese idumelana nempi. Impi ahlalwa kanjena amaqhawe kuthi ezimpondweni kumiswe amaqhawe ngempela, 6ekuthi esifu6eni sempi ku6e yiwona amaqhawe ngempela. Yilezi izindawo ezaziswayo. Kuyekuthi e6usuku ama6utho ahu6e ehaya izici ukuze izwane impi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ihu6o lamachumu musukwana kwa6ulawe uNgontshane inkosi yaMalala ku6usa uPhakade kagugi ka Macingwane:-

Izwe ngelethu hayi, hayi, Kwasuka uthuli othulini lwezu, Siyaku6ashisa ngomkhonto, Hayi, hayi, malala,

Izwengelethu

Acho lelihu6o ephethe ikhanda li ka ngotshane elicome endukwini elisa eNkosi uPhakade.

20 Amaqhawe azwayo ngoku.la6ana kwawo, ayasukuma agiye emkhandlini, 6esc 6e.u6ongela ngezi 6ongoz akhe. Umuntu ugiya ngento ayenza, aziwe futhi ukuthi uqini sile. Akugiyi noma u6aninjena amagwala awagiyi. Kugujwa umakuphuma impi nenkosi ikhona. Kuye kusuke a6akhulu 6o kuzalwa 6e6onga amakhosi onke asekhona nangasekho. Izinduna zempi zizulu ngaphambi kwama6utho azo, zingathethi, umakusathetha izinduna ezinkulu zozalo .

Ezincane izinduma zi6onga umazingekho lezi ezinkulu. Impi uma ihlasele iphila ngezinyamazane izinyathi, nezimpofu, nezinkomo ezifumanisayo. Iryama idliwa luhlaza. Kwakufuneka umuntu akwazi ukumela indlela nendlala. Amaqhawe ayenjalo.

21 Kwakuthi lapho ingenise khona impi kudliwe masishane. Ukudla okukhulu kwamaqhawe yiloku:-

1. insangu

2. ugwayi

Isangu yayi.unika isi6indi umuntu, an esa6i, kuthi noma sekuku6i aphikelele. Ugwayi wawumenza agha6uke umuntu noma kade eselambile, noma eseno6uthongo. ugwayi wawufakwa emfeeni entanyeni. Insangu yayi.enywa izinduma yona. umuntu wayishi yela umuntu om6am ele izihlangu zakhe umakade ebema. Kwakuthi izinduna zibemise amaqhawe azo uma seziqhedile ukubema zona nomulilo uphathwa izinduna uzwathi. Insangu ziyiphathelwa a6afana n. ezihlandla. Uma umuntu esahlulekile, izinduna

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

22 zithimaka hambe athi yena "ni‧angi hlupha" usho uzinyawo zixaza igazi, usezosala njalo adliwe izilwane. Wayengamelwa umuntu ogulele endleleni, kuyiwa impini noma sekubuywa. Kwakuthi izinduma zabelwe ezinkome ezizithumbile. Kwakuthi izinceku zithole amathole asale ezinkomeni zabiwa inkosi yabela izinduna ebe zisempini leyo. Izinkomozobiwa kanjena kwakhiwa umkhandlu, bese zinqanyulwa ngantathu, ngambili nganye zinikwe abantu abahlabanile amadoda anemizi, nezinduna. Izinsizwa zazithala ematholeni umasezabiwe. Nenkosi ithole futhi eziningi yona. Umasekwabiwe kwakuba umaziphangele ematholeni kuzinsizwa. Izinto ezazithwalelwa amaqhawe abafana ilezi:-

1. Izingubo

2. Iziphuku nezicamelo

3. Izimbiza zokupheka

23 impi yona yonke yoyithwala loku ngaphandle kwezinduna:

1. ukudla (amabele, nombila)
2. nezinkuni
3. Kwakuqutshwa nezinkomo zenyama u(Gibiqolo) Lezizinkomo zaziphuma kubanumzane. Kwakuthathwa ezisencane nenkosi yayikhipha umhlambi wezinkomo ukuze idle uma ihlasele kude. UGibiqolo inkomo yenkomaza enenkonyane ehamba nempi, iyona ithetha impi lenkomazi. Kuthi uma impi isifikile lapho ihlasele khona bese ~~kw~~ yephuowa inkonyane ehanjiswe ngezingemuva izinkomo. Inkomazi isizokhonya njalo. Kukhethiwa ekwaziyo ukukhonya. Lenkomazi isusa usinga emadodeni ancame ukufa kube kanye. Kuzakuthi nembongo uma izwa lenkomo idumele ibonge inkosi kanye nempi kube kubi ngamehlo emagwaleni.

24 Ajiyele kubaleka sibesingasekho isikhathi sokubaleka, ngoba isuke isibekone impi umaseku bonga nembongi. Futhi kusuke kukhona izinduna ngemuva kwempi, nabafana abethwala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

amacansi, neziqiki. Amaqhawe ayaphangelana umaisihlangana impi. Kuthiwo "washiywa" uyaja6ula wena ulapho kushiwo kwa6aphambili. Impi kayi6anja a6afana ngo6a 6ayashesha uku6aleka. 6ona a6afana 6anikwa ithu6a lesi6ili. Iqala idunyelwe amadoda kuqala. Impi iphuma nezintombi. Lomkhu6a wawenziwa uPhakade emachunwini, Kwazulu kwakuwu Tshaka owayekhupha amantombazane impi nayeke uPhakade wayewakhipha athwale amacansi nemiqamelo neziphuku. Amanye amakhosi ayengakwenzi laku.

25 Amashinga avunula kanjena afaka amats o6a ezinkomo emaqakaleni, athwale iziqova zamanqe zifake unotemu, nombembesu, aphathe nezihlangu ezinhle nomaphela, kahamba ngama6utho njena kodwa awamaqhawe agatshelwa ngenye indlo6o zi6enomsila amuhle futhi 6eseku6a imikhonto embili iscwa nesijula, kuthwalwe nama6eqe ensimango. Izinduna, nezinceku, nezimbongi a6antu a6angamaqhawe 6akhethwa ngokwaziwa ukuthi 6ayahla6ana. Umuntu uma eligwala noma enamazwi waye nga6ekwa. Impi yenkosi yayi hamba nenyanga yempi ukuyiyona izohamba iyelapha kakhulu a6agulayo. Igwala lalingatholwa noma lifuna indawo, kwakutholwa amaqhawe.

26 uDadewa6o ka Zinhla walwa uSilwane Kwathi intombi udadewa6o ka Zinhla ka Manciza wase Ngome yayogana emaChumwini i6alekela x inkosi enye ng o6a phela intombi yenkosi igana enye inkosi wayala inkosi uNo6aleka ngo6a ethelwe ngomlotha. 6athu ukuzwa loku a6ase Ngome, ukuthi inkosi igamva cyase Ma6omvini ka Zombane. Eyaku6o iyaliwa ngo6a kuthandwa cyase Ma6omvini. Yathi uma isiganile yase ilotsholwa amachunu. Athi aMazondi kanti wala eyakithi kanti uzothatha intombi ka Zombane. Abase ngome 6ase 6eqaphela ilanga lomthimba. 6alizwake ilanga lokuphuma komthumba. Usethi uMafa ngoke ngizwe Ma6andla enkosi! No6a nikaliphile uma ningamu6ulalanga uSilwane, Ni6omngquma nentombi yakhe leyo ayithandayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ni6ulale nomthimba ukuze apheze ukwenza amanyala ale eka6a6a
27 eyinkosi athathe eyananye amakhosi. Yase iphuma manjalo impi
yahamba ithukuthele impela. Kwathi e6usuku 6awuhlanganisa
umuzi 6ese 6elindela ukuthi kukhanye kancane. Kwathi e6usuku
6aqala ngoku6ona izinja ziphuma ngakhona emzini zendlula
ngaphambili kwa6o. Kwathi kunjalo kwa6onakala uMboyisa wakwazondi
eNgome inyanga yempi yenkosi usephuma khona lapha emuthimbeni.
use6onana nenduna yempi useyitshela ukuthi impikayi6uthise
useyicela khona lapho. Isilala i uvuhaqile umuzi. Sekuqamuka
inyanga kaSilwane iza ayinakelutho yethuka isiziphonsa phezukwempi
sekuthi uzotha inyanga yalena yaseNgome isidumela uBamba inyanga
yenkosi uSilwane. Uzotha usemngwaza omuqeda impela 6ukhome
ngo6a naku u6engazelele uBamba. A6a6e 6esama la6a 6ese Ngome 6ase
28 6ehlanganisa 6ekake wona umuzi. Se6engena ngaphakathi kothango,
ngo6a kwesesekusa. Kuthena kuphuma uNdigwane Dladla wa6ona impi
isivivile sekuku6i. Wayephuma eyocama, wa6uyela engazange acame
emva, uthi uma engena usedumela ezakhe nehawu lokhe usema phandle
ethi ingene. Kwathi iniosi yaphumelela ukuthu6eleza, nelinye
ihlanzana yaye yacasha ngaphandle ngaphezulu komuzi.
Amantombazane nezinzizwa kuthi kusiza umakoti, kwafa kanyenaye.
Kwathi uma impi ya seNgome uma isicingisisa a6afile ngokuphuma
kwelanga yafumanisa ukuthi intombi ifile noma yayidikiza
inenxe6a elincane. Kwathi uma6ethi 6ayayiqedela wala uZotha,
wathi okaZombane akanacala uMuntwana silwa nenkosi, usephula izwi
lenkosi elithe uSilwane a6ofa nentombi leyo. Se6eyishiya njalo
29 se6efuna inkosi uSilwane ngaphandle komuzi.

Ididla izinkomo impi lena e6ihlatshiswe a6aMa6omvini,
Se6ewuthola umzila ka Silwane phinde ukumu fumana. Kwathi
zonke izingwazi zase zelashwa uZotha. Kungumuthetho lowo
ukuthi izingwazi zelashwe masinyane. Kuthi ukupa ihambe impi
usefika uSilwane nezinyanga zakhe ezofuna umakoti se6emthola

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kanti usindile u6ezifisile ukuze impi imandlule ingamuqedile. Se6emuthatha 6emukanaye 6engena emahlathini naye. Useziphothula uZotha izingwazi, sezivunyelwa ukudla okwangaphakathi. Phela aziphumeleli ukudla okwangaphakathi uma zingaka phothulwa izingwazi.

Sekuthi uzotha yena owagwaza uBamba wamu6ulala, aka6onaze asalunga waze wafa uZotha esefana nohlanya engaseyona inyanga yempi. Kwathi uSilwane wayihlomisa impi yakhe yaqoda khona

30 eNgome yadumelana phezulu eMhlanzane yehlulwa eyase Ngome.

Intombi umaNgu6ane uselashwa uSilwane useze uyasida enxe6eni lelo a6angwaza kulona.

Kwathi ngempi ka Bambatha ka Manciza waseNgome elwa na6amhlophe, wayesele kelelwa uyena uSilwane ka Phakade. Kuthena uku6a a6amhlophe 6a6one ukuthi naye useqonde ucuku6ase 6emuthumela amaphoyisa amhlophe 6emu6iza eWineneni kuze azale uMtshudi. Umtshudi wa mqamba nyise ngo6a unina wamula ndela waya lapho edingiselwakhona a6amhlphe. Uthena noma esefuna ukumenza inkosi uyise kwafumaniseka ukuthi unina akuyona inkosikazi. umaNgu6ane omncane oyena wa6a inkosi-kazi kaSilwane. Nga6o amaChunu na6ase Ngome a6ezwani namhlaloku ngalivonda6a eyenziwa uSilwane.

31 Isigcaki.

Kuyinto evamile kwa6amnyama ukuthamela isigcaki kakhulu ngenkathi yase 6usika. Amadoda asemadala anezigcaki zawo. Kuyikuthi umali6alele kahle 6aphume a6amumzane ekhaya 6aye ngase mthangaleni ekusitheleni nomaphakathi esi6ayeni sezinkomo ukuthamela isigcaki. Uzakutshena ingane noma yini ekhona ekhaya uku6a ithathe isigqiki isise lapho esigcawini. Nenkosikazi isizomuyise lakhona ukhamba (umancishane) ukuthi aphuze uMnumzane. Kwenye inkathi uhamba embethe ingu6o. Njengo Tshaka mhlazane e6ulawa a6afowa6o wayesesigcakini nenduna yakhe ethamele ilanga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

A6anumzane kakhulu a6afunywa-nisa ezigcakini 6ethamele nezalukazi zihlezi zico6a izintwala namakhehla ehlezi eco6a zona izintwala

32 ema6eshwini awo. Noma kunenda6a ezokhulunywa kuqala ngokubeka sona isigcaki kuqala. Umkhandlu wonke usuzobeka khona. Kuzakuthi umanga uthethwa icala, kuthathwe a6anecala 6a6ekwe esigcawini phambi kwamadoda 6a6ephakathi kwawo amadoda. 6asondelane nomnumzane. Kuthi ofakaze nemindeni yehlukane ingahlangani. Sekusukuma yena omangele uselanda amazwi eyiwona emangele ngawo. Phela wonke umuntu uyanema izihla6o zakhe uku6a zizomuzwisa inda6ayakhe. Uza kuthi uma eseqedile ukukhuluma kusukumelena a6amangalelene naye, ala ndelaneye ngokwakhe. Sekuzophenya yona induna noma inosi leyo. Kuzakuthi umaseyehlulekile inike zele e6andla uku6a nalo liphenye inda6a. Kuyenzeka ukuthi inkosi noma induna 6ayithenge ngotslwala ilahle umuntu ongenacala nokusidwa umudeni mhlaumbe eyazana nawo, siwu vuna noma wonile.

33 Kuzakuthi olahlwe isala usezohlwu liswa induna noma inkosi. Amacala amakhulu okulwa noku6ulala asiwa enkosi, kuthi amacadlana athethwe induna. Uma ukuthi icala liyayahlula induna lendlulele enkosi. Ukumangala enduneni osheleni a6a6ili enkosini kumangalwa ngeshumi kwelase Machunwini. Kuzathi umasekuhanjwa kuliwe ngemindeni. A6anye nayo induna uma6eyi6ona ukuthi ecala ayili hambisanga kahle 6ayayishaya nayo. Kuthatha isikhathi uku6a inundeni leyo exa6ene ixolelane. Notshlwala 6ungaphuzelwana.

A6afana, a6afana 6asezinkangala na6o 6anjalo kuthi ngesikhathi sase 6usika, sekumakhaza, 6ethamele izigcaki. 6onake u6afumanisa 6ezithamele otshanini. Izinkomo umaziqalisa ukudla amahlanga. Lapho sezikhalinywa ngokuqashana izinkomo. A6anye 6asale esigcakini. Nakhona emahlanzeni kinjalo lincmimoya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

34 Amahlanga: Kuthi umasekuvunwa 6esekuthi uma umnye wakuleso sifunda agedile nokuthutha imbila noma ama6ele sezilandela ngemuva izinkomo, za kuleso sifunda. Eza6anye a6antu izinkomo azingeni kulawo mahlanga, nga phandle koku6a uma lowo muntu alinyelwa izinka6i zesinye isifunda ku yavunyelwa ukuthi zi6uye zizokudla amahlanga azo. Kodwa ngaphandle kwaleko akuvunyelwe ngomuthetho wa bantu. Izinkomo ezifikayo mhlaumbe ziphuma kwamanye amazwe lapho ingekhokhona indlolothi, ziyaphuziswa yona ukuze ingazi6ulali. Kukhiwa yona indlolothi ishiswe, ithi uma isishile 6ese ifakwa amanzi sekugoqozwakuhlanganiswa kahle.

6eseziyaphuziswa. Okumjeziyamkiselwa ukuzezingazaci. Kuthi nomazidatshulwe umfazi ofelwe zingethuki izinkomo. Njengomfazi oye emfuleni akangeni esi6ayeni sezinkomo, namasi akawadli ngalezo zinsuku. Ikosikazi ayiyeqi induku yomfana
35 ngo6a umase6elwa iyephuka. Kunjeng mfana o6onakala eqe unina uvama ukuwa uma egijima na6anye a6afana. Uma sezingemile emahlangeni izinkomo a6afana 6ayejabula ngo6a se6ezocupha izinyoni ngezifu. Kuye kuthi zingalibuga izinkomo 6esekugawala izinyoni kulona, zifuna izinhlava. 6ese zingena kwelinye eseliphelile ukuvunwa. Se6ecupha kahleke ngo6a nezinkomo kucupheka ka6i impela ngo6a zivana ukuwisa izifu izinkomo 6anga phumeleli uku6amba izinyoni. Izinyoni azisiwa ekhaya ngaphandle umaseku 6uyezona izinkomo. Zimbelwa eduzane nesifu lwso kwensiwele uku6amba ezinye futhi. Kuthi ntambama nalowo akhiphe ezakhe ayenazo ekhaya. Umfana aka zidliyena zidliwa uyise noma isalukazi. Yena usezokudla amakhanda azo
36 nezingingila kuphela. A6anye 6acupha ngonoxaka, a6anye ngemigodi a6anye ngogi6e ngomusila wezinkomo, noma ngomusila wamahashi. Ziningi izindlela zokucupha, a6anyenjalo ngenofi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umđlalo waɓafana: Kuthi uma izinkomo ziđla amahlanga ɓathathe izinhlanga ɓazilungise ɓazenze izinduku ɓesekugcwelangazo. Kuthi kokunye kuthathwe izinhlanga kwenziwe amaɓaloni umalinomoya. ɓathathe inqonqodwane ɓenze iziswe6u zokwelusa izinkomo kuthathwe namat'ole agitshelwe ngazo kuthathwe amabece amancane asale kuɓavuni, kuthathwe kanye nezinhlanga kwenziwe amagaligi okuđlalo. Kufuneka ukuɓa umuntu aɓenommese ukuze akhande igaligi elilungile. Amagalingi alukhuni awamaswela, awashshi ukwanđa izimbo6o njengalana enziwa ngamabece. Kuthathwa noma amakhaɓe kwenziwe ngawo amagaligi. Sekuzojahwa kuđlalwa lize lishone ilanga.

37 Kuthathwe wona amabece kuđlalwe ibola kuphikiswana. ɓesekuya-zingelwa izimbiɓa namaɓunzi. Sekuthi amaɓunzi adliwe aɓakhulu kuthi aɓancane ɓadle izimbiɓa. Kuzingelwe nama phuphu, nezagwaca, nongoqo, nemijekejeke. Aɓanezinja yiɓona ɓevama ukuɓamba kakhulu. Umakuzingelwa kuphathwa izigile. Aɓanye aɓafana ɓaphatha umcipisholo wokuđuɓula zona izinyoni. Inuciɓisholo yenziwa ngenduku esemanzi, kuthathwe nokotini igotshwe ngawo. Sekuthathwa ugunga lifakelwe icingo olunameva phambili ukuzi lukwazi ukugwaza inyoni nomagini aɓayiđuɓulayo. Aɓanye njalo ɓazingela ngezilingi, zonake ɓayazithenga izilingi ezitholo ngo 6d noma ngo 1s, kufana nenofi eye iyathengwa ezitholo yokucupha izinyoni. Enyeke iyizewa ngenhlaka ihlanganiswe netiyela. Aɓanye ɓazingela ngamalengisi, lana okulindwa ngawo izonyoni ngenkati ya sekwindla.

38 umasezi wabuqile amahlanga izinkomo ziyathelwa, aɓafana ɓathale ithuɓa lokuvakasha emini kuthintambama ɓaɓuye ɓayoziqoqa izinkomo. Umaziyoqoqwa kufuneka yilowo nayilowo ahlome enzele ukuthi ɓangamushayi aɓanye aɓafana, noɓa ɓemushaya aze azivikele naye izitheni, akwazi ukuɓashaya. Futhi umfana akahambi yedwa, uhamba naɓanye aɓafana ukuze ɓamusize kukokonke. Aɓakuɓo ahambanaɓo. Aɓayizitha akahambi naɓo ngoɓa uyazi ukuthi ɓazomhlaphuka ɓamushaye umaseɓe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sehlane ngakoke wonke umfana uhamba ehlomile, ephethe izinduku zakhene hawulakhe elincane elivikela amaqupha a6ahye 6ahamba nezinja ngo6a ku6uye kuvike nezinyamazane. Izagile zenziwa ngocingo, kuthathwe induku noma enjani 6esekuzongelezelwa ucingo, olungenawo ameva luze lusinde6ese ku6a yisagile sokuzingela izinyeni, nazo izinyamazane. Ezinye zenziwa ngezimuru. Kuthathwa

39 izimuru zamakhu6a zikhunyulwe ezinsimbini, nasemabawodini, 6ese kufakwa induku kuleyo muru. Sekuphenduka esimunandi sezinyoni. Ezinye ziya6azwa. Kuthathwa ngodo olukhulu luncishiswe nganxanye lweziwe induku encane njengamawisa, noma phelazona zingezinhle njengawo amawisa kodwa ukwenziwa kuyafana. Konke lokukwenziwa a6afana 6asezinkangala ngo6a engekho amahlathi namahlanze lapha 6engagawulakhona izinduku nezagile. Okunye a6aku6azayo izikwili zokwelusa izinkomo, nezokulwa. Kuthathwa ugodo lu6azwekahle lu6enzima nganhlanye nganhlanye lu6elula. Kufana nezimboko ziya6azwa kwelase zinkangala, kanti nakhona emahlanzeni se6ayazi6aza, ngo6a zinhle izimboko ezi6aziweyo. A6anye 6azi6aza 6azifake imimeso phambili, noma ncingo.

40 A6anye 6ayazishisa phambili, kuze kuthi noma ekwazi, ukugwaza ngenhla6ela angamushiyi omunye noboko lungene njengomkhoto enyameni. Uboko lude kunenduku y kugadla, futhi uboko lukhulu kunenduku yokugadla. Luphathwa ngesandla sokunxele, elokuvika, ngaphandle koku6a umuntu eyinxele, agandle ngesinxele avike ngesokudla isandla. A6anye se6ezenza zilungane zonke izinduku. Loku umuthetho wa maBaca, kodwa nezinzule seziyakuenza ezinye. Induku enjengesagile akuyona eyokulwa, umuntu olwa ngesagile usuke eyigwala, olwa ngokujukujela. Kunjenge wisa nalo akuyona induku yokulwa. Ingozi yewisa yimbi impela kakhulu neyesagile yimbi impela futhi. Nezikwilo akusona sokulwa yinto yokuzilamulela umaSe6e kufuthezele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21

41 Inyoni yamakhosi.

Kukhona inyoni engabonwa okuthiwa ingqungqule inyoni yamakhosi. Lenyoni izwakala ikhala phezulu ithi (gqugqu) ishaya amaphiko phezulu, bese ikhuza futhi ithi (hwa). Kusuke kukhona okuzovela. Mhlawumbe isuke ihlangene impi kukubi. noma ingaka hlangani isuke isisondelene impi. Ukukhala kwayo isuket ilingisa amahawu ezinsizwa. Phela isuke ijabula ngoba iphila ngemididi yamadoda afileyo.

Lenyoni ifana namazwandaba wona ayebika umhlala, nayo yayibika impi noma kungempi kusuke kukhona umhlola ozovela ezweni. Kwathi, ngempi yezindela kwezwakala yona ingqungqule kanye negwababa ekhala. Igwababa inyoni ephila ngamehlo amadoda apheyo njengawo ingqugqule ephila ngendunu yamadoda. Amange wona aphila ngamhlo amadoda apheyo. Futhi amanqe inyoni yamagwala, bekuthi uma amakhosi abona wona amanqe athi wo! zalamba

42 izinyoni zenkosi. Sekuzo bulawa amagwala. Amanye akhishwe amehlo ezwa amanqe afike azitike ngamadoda ezwa aze afe. Lezinyoni ziphathwa izinyanga nezangama. Izinyoni ezala pha amakhosi, kanye nempi. Ingqungqule yona ayaziwa yaziwa izona izinyanga kuphela. Uma umuntu eyibonile kusuke kukhona okuzomvelela okubi njengokufa. Kunjenge sambane umasikubekile ungeke usaganwa sikuthela isisila. Kunjenge mpumputhe inyoka engabonwa nayo ungayibona uvelelwa umhlola, noma ugule noma kufiwe ekhaya. Kunjengemvukuzane nayo kayibonwa kusuke kunomhlola, ozovele ekhaya noma kuwena. Kunjenge nhlwathi uma ikuvezele amabala amnyama isuke kunomhlola ozokuvelela. Uma engakubulalanga. Kanti uma ikuvezele amhlophe usuke unenhlanhla. Izinyanga umazifuna ingqungqule ziya hamba ziye emahlothini, zi elapha kungahambi muntu nasemaweni ziyizingele izinyanga ize yethuke iyelamela lapho ehlala khona. Isizoyicupha ngenomfi noma ngogibe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

43 Kuyakuthi uma isiyiбambile izelaphe. Kanti iqala ngokuze lapha ingakayiбoni. Kuthi noma isiyiбamba izelaphe. Uma isingena nayo ekha iqala ngokwelapha kuqala ukuze kungaveli umhlolo ekhaya. Ayiбakhombisi ekhaya igcina ngayo inyanga kuphela. umaziyifuna ziyiphumela inqina ziбeningi izinyanga. Amafutha alenyoni elapha amakhosi nempi. Amakhosi wonafuthi afaka izinsiбa zegwalagwala ikhanda uma evumulile. Amaбutho wona afaka izinsiбa zeseme uma evunulile. Igwalagwala leli alifumaniswa kalula litholwa emahlathini amnyama lapho kungahambi muntu liyethukelwa nalo njenge ngqungqulu. Amaбutho wona athatha izinsiбa zamasema azithunge azenze (isiqhoza) (isiqhova) isifakwa ekhanda izinsizwa umazvumilile. Umazinga seбenzisanga izinsiбa zamaseme kuthathwe iziqhova zama sakaбuli kuthathwa isisila sesaka-бuli zithungwe. Zenziwe iziqhova zokiwunula izinsizwa.

44 Ukugqoka kwamachunu

amaбeshu:-

Umntwana omncane akanazo izinguбo zokugqoka njenga makholwa usogwa ngamabayi, afakwe uбisenga ezandleni nasemбaleni, agqiziswe nangoбuhlalu entanyeni, nasezingaleni, nasemulezeni, nasokhalweni.

Kuzakuthi uma esekhulile enzelwe ibeshu, uma kuwumfana, uma kuyintombazane uzokwenzelwa ingciбa encane. Okwanza laбantwana бangagodoli бayagcotslwa ngama futha enguluбe emzimbeni. Noma kumakhaza woбafumanisa бebethe konaloku kuphela noma izulu lina.

Amakholwa:-

umntwana uyagqiziswa ngoбuhlalu entanyeni, nase khalweni kuphela. uthungelwa nezinguбo zokugqoka. Umakumakhaza бagqokiswa eziningi izinguбo zifakwe phezukwenye ukuze angagodoli. Noma umfana noma intombazane бagqoka okufanayo, amaloko.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

585

K13/21 19

45 Kuze kuthi uma umfana esekhulile ku6e yikhona 6emenzela amabu lukwe.

Amabeshu:-

Uma umntwana esekhulile uyathengelwa amabayi okugqoka, umfana athengelwe amahembe. Kuzakuthi uma eseyinsizwa avunule ngwao amabeshu. Amabeshu anhlo6o mbili kukhona awokuhlonipha a6amade impela wona afike emu6aleni ku6afana ne zinsizwa. Kukhona amafushane okuhlo6aenziwe kahle impela. Kuno6uhlalu o6ungafakwa umfana nensizwa engakaqonywa. Angavunula ngakokonke umfana nensizwa kodwa iphasi, engelifake uma engakaqonywa. Iphasi liyakhombisa ukuthi lona useggonyiwe. A6anye 6afaka ngamaningi ngizintombi ezi6athandayo. Amasoka afaka amaphasi amaningi. Amakhehla awawafaki amaphasi ngaphanhle kwa6anumzane a6ase6asha a6aseshela njengezinsizwa. Izinsizwa zivunula ngensimba uma ziyokweshela.

46 Kuyekuthi ekhanda zihlikihle, uma ziphuma emfuleni. Ezinyo zihlo6ena ngemali osheleni, nozuka, namashunu a6omvana. Lezoke eziwunula kanjalo eziphambili, ezi6onakala zifake nensimba. Sezifaka namaphasi, okuhlo6a amaphasi okuhlo6a ano6uhlalu o6uninyama no6umhlaphe. Kanti iphasi elenziwe ngo6umhlophe 6odwa elokuqonywa. Akunye eziku faka ezintanyeni amagoemesha, no6uhlalu ngezinhlo6o ngezinhlo6o. Ukuphelake okwasentanyeni okwunula izinsizwa. Kuthi ezingalweni zifake u6usenge namabengele, namangusha, namaduku ziwafake e6usengeni, nogwayi, namapipi ziwafakak kona ezingalweni ku6ona 6usenge u6usenhla nengalo. Kuyekuthi esiswini zifake ixama elenziwe kahle izintombi zazo noma odadwa6o. Umakungenjalo zithathe amashithi okulala ziwa6ophele khona esiswini. Kuzakuthi okhalweni zifake, izincu, nezinjo6o namabeshu azo.

47 Kuthi ngenzansi kwamadolo zifake u6usenge, no6uhlalu, kuthi ema qakaleni zifake izingusha no6uhlalu, kanye no6usenge

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuzakuthi ezinyaweni zifake izingca6ulela. Izingca6ulela zenziwa ngamasondo emoto asemadala. Ayasikwa kahle kwenziwe izingca6ulela. Umakungenjalo zifake izingca6ulela ezenziwe ngesikhumba senkomo. Kodwa eziligugu ezenziwe ngamasondo emoto (ithayi). Izingca6ulela akukhethelwe ukuthi zenziwe izinyanga, noma u6ani uyazisikela azenzele yena. Na6afana 6ezinkemo 6ayazenzela. Inkani uma6ethele isikhumba senkomo 6ase6ethola namafosi. Izingca6ulela zemoto zona zenziwa ngamafosi, nomangezilingi.

Ikakhulu 6ase6enzisa izilingi uma6enza ngamathayi. Kuthi lapha ezindle6eni 6afake iziqaza, nazozinhlo6o mbili, kukhona ezomhlanga, nezithengwayo. Kuthe futhi 6alengise imali ezindle6eni. Okunye a6akufaka emaqakaleni izifahlawane nezindondo.

48 Kuzakuthi ezandleni 6aphathe amahawu a6o. Kuthi uma64yo kweshela 6aphathe umdlela, elincane ihawu elivikela amaqupha uma ulwa. Leli elikhulu (inkuba) noma inkumba u6angazana, awokulwa lawo. Ihawu elimnyama ligatshelwa, ngamaga6ele amhlophe. Kuthi eli6onwu ligatshelwe ngamhlophe. Kuthi eli6onwu nomangamnyama. Kuthi elimhlophe, elinkone ligatshwe ngamnyama. Kuzakuthi ahawu lwakhe umuntu afake umuhgo6a, induku emfishanane, a6ayihlo6isa ngesho6a noma ngezgqova. Usephatha neboku lokuvika, konke loku ukuphethe ngesandla so6undlele, okuyisosa kungesokuvika. Kuzakuthi, ngasesa ndleni sokudla aphathe induku yokugadla, umakungenjalo aphathe nemvu6u. Insizwa ikamba ihlomile yenzele ukuthi noma 6engayi fumanisa ikwazi ukuzivikela, ngo6a ziningi izimbangi ayiyodwa entombini. Nango6a izinsizwa zihamba nase6usuku. Nango6a izigodi zingezwani.

49 U6usenge:

U6usenge lo6u 6une zinyanga za6o ezi6enzayo, kuthengwa ucingo oluncane ezitholo, 6esekufunwa usinga olwengulwa enkome esiphangeni uma ihlatshiwe, 6ese luyomiswa, kufunwe nomsho6a wehashi. 6esekuthathwa uphondo lwenkomo se6ugaywa u6usenge

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lokukwenziwa izinyanga 6ese ziya6uthengisa ku6antu, njengawo amabeshu nawo anezinyanga zawo eziwenzayo ziwathengise ku6antu ngo6uhle 6awo. Loku okwenziwa ngo6uhlalu kwenziwa izintombi ngohala nango6uhlalu.

Izintombi:

Amatshitshi eziqala ukuqoma, zifaka insipho 6esezenza umhlikihlo. Umhlikihlo wenziwa ngensipho nangotshani, izinqunga eziwu (four) ezihlikihla ngazo ekhanda. Akunye leluke unwele olulodwa nganhlanye. Umakungenjalo legunde nganhlanye kuphela okwamatshitshi ekhanda. Kuthi ezindle6eni afake umhlanga omhlophe kuphela. Awawufaki omnyama.

50 No6uhlalu awa6ufaki, kuthi namabayi awaggokayo angawafaki amafutha. Okhalweni afake isigege kuphela okhalweni afake intambe angafaki u6uhlalu.

Aqhikiza:

Iwona ehlo6akahlulu impela amaqhikisa. Ezindle6eni ahlo6a njengezinsizwa, nokuggiza aggizisa njengezi nsizwa, nasezingalweni ahlo6a njengezinsizwa, nasemulenzeni ahlo6a njengazo izinsizwa. Ekhanda ahlo6a njengezinsizwa, ngo6a namaribini lana a6opha ngawo ekhanda nezinsizwa kunjalo futhi. Amaqhikiza wona athenga odlundu 6ese 6efakwa amafutha. Wonake amaqhikiza abinca umamndindi, 6ese efaka mabayi amancane phezukwa6o, omamndindi. Amaqhikiza wona ahlo6a njengo6a avunyelwe ukuyo6uka ngo6a futhi asuke eseqomile. Nawonke amaqhikiza entanyeni ayawafaka amaphasi, izinhlo6o ngezinhlo6o zawo. Kuthi nasesiswini afake amaxama ngamaningi noma ngamathathu. Wona ahlo6a ngaphezu kwezinsizwa.

51 Itshitshi umaselizoqoma, liqala ngokuziphathakahle impela. Ligco6ise amabayi alo kahle, lezigco6ise nalo emzimbini, kugcotshwa ngamafutha engulu6e. Kuthi ekhanda linga6e lisawenza umhlikihlo,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lenze impithi manjena, nasezindle6cni linga6e lisawufaka umhlanga omhlophe lifake omnyama. 6eseliqala ukukhanda u6uhlalu o6uningi 6okuhlo6a, licele omakoti 6alenzise. 6eselikhanda nephasi elizoqomangalo. Umaliqoma itshitshi ali6ilodwa, kuqonywa ngegegi. Amatshitshi aqonyelwa amaqhikiza. Kuthi musukwana lizoqoma izintombi zonke zi6uthane ndawonye. Nomfana lawo usezoza na6anye bangaku6o. Kuzakuthi amaqhikiza, athathe u6uhlalu lo6u o6e6enziwa itshitshi 6ahlo6ise n a6o insizwa leyo eqonywayo itshitshi umanayo isiyikhiphile imali u £1.10s.

52 Iqhikiza umaselingena e6unkehlini. Kuye kuthi isoka liye6a iqhikiza lilise ekhaya. Seliyaliganisa, kuzakuthi iqhikiza likhona emzini kuthunyelwe umhhongi uku6a ahambe ayokusho ukuthi umntwana 6engam6oninjena ulapha. Sekuza kuthi a6aku6o wentombazane 6agaye utshwala, 6enzele a6ayena ukuze 6aphuze musuku 6elethe yena umakoli wa6o. Usezokhehla umakoti, usezonikwa isidwa6a sentondolo yembuzi esingasindi. Use zokhekha nesicalo ekhanda. Uma esinjalo usephumile e6uqhikizeni ngokuhlo6a, uhlo6a njengawo amaqhikiza ngaphandle k kwesidwa6a asifakayo. Nasekhanda ngo6a inkehli isuke isithunge isicolo. Isiyoze icanguze inkehli i6ewumakoti ophelele 6ese i6a yinkosikazi. Umakoti uhlo6a njengamakhosikazi.

53 Amakhehla:

amakhehla wona abincisa okwezinsizwa. Kakhulu uma eya emu sindweni kwehluke ku6anumuzane ngo6a 6ona 6afaka ungiyane ekhanda wokukhombisa ukuthi a6anumuzane. Ungiyane lona uyakhandwa njena kodwa amanye amakhehla asigugile embatha iziphuku zezimbuzi Nezalukazi nazo zibinca njengamakhosikazi kwehluke ngo6a zona azinazicolo, esikhundleni zinemuyeko njengezangoma, kwehluke nango6a zona azisahlo6i kakhulu njenga makhosikazi. Ezinye azisenazo nezidwa6a ngo6a sezehluleka ukuzembatha zenzelwe omamndindi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Isicoco:

Amakhosi ayaye alijuбe iбutho njengoбa emachunwini
54 kusahanjwa ngoбuбutho. Kuzakuthi longajutshwa iбutho lihambe liyofuna umuthi okuthiwa ungiyane utholakala emahlatini aбavilapha ukuyowukha бayawathenga kwaбanye. Uthi angafika nawo umuntu evela emahlathini awukhiphe izilwane. Kuthi uma eseqedile ukuwu khetha izilwane usewuбumba isigaxa.

Ungiyane lona umhlophe uze utshintshe uma usuphekiwe aбanye aбantu бayakwazi ukuzi phekela aбanye бalanda izinyanga ukuбa zizoбa phekela. Ungiyane uphekelwa esiбayeni phakathi naso ngoбa kuyesaбeka ukuthi ilangaбi lingashisa izindlu. Wonake ungiyane uphekwa ngodengezi lokhanila oludala. Awathelwa
55 amanzi kusimuzwe kuthelwe yena ungiyane uma uSengezi selushisa. Usuzoбila kushe nezilwane eбezisele uma ununtu ewukhetha izilwane. Kuzakuthi uma inyanga isiбona ukuthi uswuthiwo бese iwephula. Uphenduka aбemnyama uma esevuthiwe ungiyane. Inyanga isizathatha amanzi ngenkeze izenawo, siszowathela ngokuqaphelisa ngoбa phela kusuka elikhulu ilangaбi uma ungiyane ehlangana namanzi. Ilangaбi elingamushisa ununtu uma engaqaphele. Kuthi kungaphela ilangaбi lelo бese inyanga iwephula ungiyane. Uma usuwe phuliwo usewuthululela etsheni lapho ezowugayela khona . Kuzakuthi lona osalele odengezini awuphale kahle awuphalele
56 kulona osetsheni. Usewugayi kahle ewuhlanganisa. Uzothi uma ewugaya uwuthele amanzi aqand yo ukuбa uphole uqine futhi. Kuzakuthi aбanumzane бagunde ezinwele бazisuse impela. бaziphucekahle бashiye izinwele lapho kuzohlalakhona ungiyane. Sekuzothathwa usungulo usuzo thungwa ungiyane. Usewuthatha ewuбumba kahle awenze sengathi induku usewuбeka ogodweni, uqala ngokuwuthamelisa eziko ukuze uhlangane nogodo lolo. Kuzakuthi uma eseqedeloku usewuthungela khona ekhanda layelowo nayilowo. Kuzakuthi angawuthungela aбese uyawulolonga kahle ngembokodwe encane ukuбa uбukeke umanyazele ekhanda lomnumzane. Umnumzane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 24*

usezothatha amanzi awathele okhambeni azi6uke kahle. Omnye umuntu uqeda 6a6eyisithupha ngelanga.

57 Ukugweda ingane.

Noma ukugwe6a.

Loku kuwumukhu6a wa6antu ukwenza izingane zingagangi zi6e yisiphingi. Zigwetshwa zise zincane, kuphungulwe igazi elininigi kuzona. Kuthathwa imihlahlo ucingwe emaci6ini. Umhlahle lona wenza izithe6e futhi. Kuthathwa umhlahle ufakwe enquza ngemuva kumfana. Entombazaneni kufakwa ngaphambili sekuzophehlwa ngalezo zinti zomhlahle kuthi kungephuka olunye kuthathwe x olunye kuze kuphume igazi ngemuva kumfana, ngaphambili ntombazaneni. Kulandwa isalukazi esidala sizophehla izingane. Ingane ephehliwe yakhishwa igazi eyigangile ngo6a igazi alifuthelani. Yingako izingane sezigangile ngo6a azigwetslwa.

END 585.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.